

# PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY

INCWADI YEGRAIN SA YABALIMI ABASAKHULAYO



*U-Ezekiel Lentswetshipi, umlimi we-AbInBev waseNyakatho neNtshonalanga, umatasatasa usebenza emhlabeni wakhe.*

## Ukulinywa okufanele kwenhlabathi kungasiza EKULAWULENI IZINDLEKO

**U**KULINYWA KWENHLABATHI KUSAHLEZI KUYIZI-NDLEKO EZIYISISEKELO EKULINYWENI KWEZILIMO, NODIZILI ONGENYE YEZENGEZO ZEZINDLEKO EZIPHEZULU. UMA KUHLANGANISIWE, IZINDLEKO ZIKADIZILI, UKUKHANDWA KOGANDAGANDA NOKUNAKEKELWA KWENZA U-20% WESAMBA ESIBEKELWE NGOO UKUGUQUGUQUKA KWEZINDLEKO ZOKUKHIQIZA OKUSAHLAMU. LOKHU KWENZA KUBE MQOKA UKUTHI ZIPHINDE UKUCUBUNGULWE IZINDLELA ZOKULIMA.

**Ithebula 1** ikhombisa ukusethenziswa kukadizili okuhambelana nezindlela ezahlukene zesistimu yokulinywa kwenhlabathi. Lo lwazi lwenza umuntu abe nokumangala ukuthi kungake kunciphe ukusethenziswa kukadizili. Indlela eyodwa okungenziwa ngayo lokhu ukupinisekisa ukuthi ukulima kwensiwa ngendlela efanele nokuthi indlela efanele yokudepha okusebenzayo kuyatholakala futhi kugcinya ukuze kuxazululwe le nkinga.

### NGABE ILINYELWANI INHLABATHI?

- Inhlabathi ilinyelwa ukuqeda ukhula, izinambuzane nezifo, ukuhlanganisa izinsalela zezilimo namakhemikhali kanye nokukhanda umbhede wembewu ofanele ukumila nokukhula kwezithombo.
- Ukulinywa kwenhlabathi kungakhulisa ukumunceka kwamanzi.
- Kukhanda *i-topsoil structure* efanele yokukhula kwezimpande, ukunyakaza komoya ikhanda *ne-structure* sesikhashana sokunqanda ukugugulwa umoya.
- Ngesikhathi sokusebenza kokuripha okujulile, ikhanda *i-subsoil structure* efanele ukuba izimpande zingene zijule pansi njengokubhoboza inhlabathi ecinene.
- Kwesinye isikhathi umhlabi ulinyelwa kulawula ukugugulwa umoya.

### NGAPHAMBI KOKULIMA

Kungumqondo omuhle ukwenza isinqumo ngesinyathelo okufanele zithathwe ziqualiswe nokumisa izinhlelo zesinyathelo ngasinye kunesikhathi. Enye yezinhloso ezibalulekile zesisekelo sethileji ukususa

# Ukulinywa okufanele kwenhlabathi...

1

*Ukusethenziswa kukadizili wamasistimu ahlukena okulima inhlabathi.*

Isinyathelo	Udzili osetshenziswayo ( $\ell/\text{ha}$ ) isinyathelo ngasinye	I-No-till system	Ukulima okuncishiswe ngokwesistimu yegeja eliyishizolo	Ukuncishiswa ukulima nge-deep dissing twice system	Isistimu yokutshala
Ishizolo noma i-deep disc	23,93	0	1	1	0
Ishizolo	12,77	0	1	0	0
I-Disc	17,50	0	0	1	2
Igeja elikhulu	20,50	0	0	0	1
Iplanti nesifutho	13,25	1 (25,15)	1	1	1
I-Top dressing	7,30	1	1	1	1
Ukulawula ukhula	4,98	1	0	0	0
Ukulawula izinambuzane	4,98	1	1	1	1
Isamba sedizili esetshenziswe ngesistimu ngayinye		42,41	62,23	66,96	81,03

*Umthombo:* ARC's 2010 Maize Information Guide

ukucinana kwemikhakha nokuqhephula inhlabathi. Ukwenza lokhu ngendlela ezwakalayo, kubalulekile ukunquma uma lapho kunemikhakha ecinene futhi umakunjlo, kuzokwenzeka ekudepheni okungakanani. Lokhu kuzonquma ukuthi kuzosethenzwa ekujulenzi okungakanani.

I-penetrometer yithuluzi elifanele lokulinganisa ukucinana nokwenza isinqumo ukuthi ukusebenza kufanele kujule kangakanani, kodwa umgodi wephrofayile yenhlabathi, nakho kungahlolwa ukuze kunqunywe ugqinsi lokucinana. Kodwa, kunzima ukunquma ngokuoqonde ngqo ingaphansi le-zone ecinene phecelezi i-compacted zone futhi ngakho ke nokudepha kokusebenza okufanele. Ukujula kokuqualisa ukusbenza, udizili kusebenza omningi kakhulu. Ngakho ke kungumqondo omuhle ukusebenza kuphela ngokujule ngokudingekayo. Umthetho ongephikiswe okufanele usetshenziswe owokuthi uma ubumba lulini-ningi, ophansi ungasebenza futhi kanjalo kanjalo.

Isisindo sokhula kanye nosayizi walo ngempela yilona olunquma indlela yokulima. Uma ukhula luseluncane, lungaphela kalula. Uma ukhula lulukhulu futhi ufuna ukusebenza i-tiller, qinisekisa ukuthi kungasetshenziswa amasheya afanele nokuthi ayalunquma noma alubulale ukhula. Uma kufanele ukuthi ukhula lubulawe, i-disc eklaya insimu noma igeja lizosebenza kangcono nakuba kubiza kakhulu. Ukugcina isikhathi kuphelele. Uma ukhula lukhula kakhulu kuzobiza kakhulu ukuluqedza.

Ukulawula izindleko zokulima, umswakama oqukethwe yi-topsoil kubalulekile. Isinyathelo esengeziwe naso sizodingeka ukwephula amagabade. Ukusebenza enhlabathini eyome kakhulu izodala ukudleka kakhulu kukagandaganda ne-implimenti. Ngakolunye uhlangothi inhlabathi emanzi kakhulu, nakho kungadala izinkinga. Uma abakhiqizi befuna ukuripa inhlabathi emanzi kakhulu, iripha ngeke iyephule inhlabathi njengoba kulindelekile futhi izokhanda izingxenyenye enhlabathini lapho unghlukanisekile ngokufanele.

Okuqukethwe yinhlabathi ngokufanele kunganqunywa ngokumba inhlabathi ngefosholo. Uma ukumbiwa kwenhlabathi kunethezekile, mahle amathuba okuba inhlabathi ilimeke. I-crust ewugqinsi kuna-10 cm kumayelana nesivimbalo, emva kwalokho umsebenzi okungenani uhlehliswe kuze kube ngemva kosuku lwemvula.

I-sandy soil ingalimeka masinyane emva kwemvula kune-loamy soil. Ngokujwayelekile ingasetshenzwa ezinsukwini ezimbili emva kwemvula enhle, kodwa i-loamy soil okungenani ungalinda izinsuku ezintathu.



*Uma kuhlaziywa inhlabathi, kufanele kugujwe umgodi wephrofayile yenhlabathi.*

2

MADE POSSIBLE BY  
THE MAIZE TRUST

Sincane isikhathi sokulima inhlabathi eyibumba, ngoba ihlala isikhathi eside imanzi kanti futhi ke iphinde iyashesha ukoma. Ukucina isikhathi kuphelele.

### UKULINYWA KWENHLABATHI

Ngesikhathi sokulima, ama-implimenti asebenza adephe kufanele abhekwe njalo ukuqinisekisa ukuthi i-implimenti iseberna ekujulen i-kwethagethi. Uma kutshalwa, ingahlolwa kalula imisele eklanywe. Ngeshizolo lokutshala, kungahlolwa kalula, ukujula okusebenzayo ngokuvamile kunesilinganiso esiyihaba futhi kudingeka ukujula kuhlo-wa ngenduku yokulinganisa.

Ukjula okusebenzayo kwamaripha kufanele kulinganiswe emseleni okhandwe ngama-*tines* nokugundwa kwama-implimenti. Khumbula ukuqala ngokulevela inhlabathi ilingane yonke ephuzwini lokulinganisa kunyathelwe phezukwayo kancane bese kulinganeswa nenhlabathi engasetshenzive. Ngokulima inhlabathi iyaphakanyiswa futhi lokho kungadala umqondo ongalona iqiniso. Hlola ukusebenza kwe-implimenti ngokulinganisa ukucinana phakathi kwama-*tines*.

Ngokuvamile kuyenzeka ukuba ama-*tine* implimenti adonsele imisele enhlabathini futhi angayiphuli yonke iphrofayile. Lokhu kwenzenka ngenxa yokuthi ama-*tine* bekwe avuleka kakhu-noma inhlabathi imanzi kakhu. Umthetho ongasetsenzisa ukubeka ama-*tine* ahlukane ngo-70% okudepha okusebenza okuhlosiwe. Lokhu kukhulisa kakhu ukusebenza kahle komsebenzi.

Bheka ama-*shares* ukuthi awadlekile noma awephukile. I-ripha nokudleka kwama-*shares* egeja eliyishizolo futhi libe lifushane ngokuqhube ka-wesikhathi. Lokhu kudala ukuthi ama-implimti asebenze ngokungajulile ngokuhamba kwsikhathi ngoba ngokwejwayelekile kusetsenzisa isondolo elilawula ukudepha kuma-*tine* implimenti.

Kusistimu yokulima lapho kungekho khona izinsalela zesilimo ngaphezulu kusafesi, kungaholela ekomeni nasekutheni kuqineni isizini yonke. Ukoma kungaholela ekutheni amanzi angamunceki kahle bese kuthi emuva kwaloko nokuguguleka kwamanzi. I-Runoff water iphinde alahleke ekukhiqizweni kwezitshalo nesivuno sesilimo siyancipha. Ukuhlakula okungajulile kuyasebenza ekubhidlizeni ama-*crust* akusafesi.

Indlela esebebenzayo yokulawula izindeko ukumplimenta isistimu yokulawula izithuthi. Lokhu kubandakanya ogandaganda abahlala emzileni owo-dwa unyaka wonke wokukhiqiza. Ukucinana kwenhlabathi kuyancishiswa nodizili osetsenzisa wogandaganda uzokwehla.

Ziningi izibonakalo ezidinga ukusonjululwa. Ngakho ke kubalulekile ukuba uchwephe-she ngalokhu. ■



U-PIETMAN BOTHA,  
UMELULEKI OZIMELE KWEZOLIMO



### IZWI LIKA...

Jurie Mentz

**U**KUNYUKA KWAMANANI ENTENGOKAPHE-THILOLI NOKWENYUKA KWEZINDEKO ZAMA-INPUT OKUSANDA KWENZIWA JIKE-LELE KULETHA OKUKHULU UKUKHATHA-ZEKA KUBALIMI BETHU. ABALIMI KUFANELE BANGENE KULEZO ZINDEKO BENGAZI UKUTHI NGABE BAZOTHOLANI EMKHIQIZWENI WABO EMVA KWEZINYANGA EZIYISITHUPHA NOMA EZIYISISHIYAGALOMBILI. LE ZINDEKO EZIKHULAYO ZIFAKA ABALIMI NGAPHANSI KWENKULU INGCINDEZI.

Uma umuntu engaba nokuthula engaphansi kwengcindezi, uthathwa ngokuthi 'akawabazeli'. Umlingisikazi waseMelika, u-Goldie Hawn, uthi ukukwazi ukuhlala uthobile futhi ugxlile ngaphansi kwezimo ezinengcindezi kulele ekuthatheni izinqumo ezinhle.

Impumelelo yokulima ukugwema ubungozi. Umlimi kufanele azame njalo ukuba ngaphambili kwenkinga futhi engasukumi ngoba sekukhona inkinga. Uma esukuma ngoba nakhu sekukhona inkinga, uyoahlala egijima emuva kwezinkinga njalo.

Ngokubona kwami kubalulekile ukuqoqa futhi utshale ama-cash crops emasimini akho akhipha isivuno esihle negezhkhathi ezingaqondakali futhi kutshalwe namadlelo emfuyo yakho emasimini akhiqiza kancane. Umlimi kufanele abe nethemba elihle ngalokho anakho. Ngamanye amagama kudingeka alethembe ipulazi lakhe nemisebenzi yakhe. Esikhundleni sokutshala yonke into, gxila eku-tholeni izivuno ezingcono.

Amafektha amane abaluleke kakhu anomthelela esivunweni sesilimo sakho ukuvunda kwenhlabathi, iklaymethi, ukuba khona kwamanzi, nezifo. Ukuze sihlangabezane nalezi zinselelo, kudingeka sicabangisise futhi sijule mayelana nohlelo lwethu lokukhiqiza nokuthi uhlelo lwethu singalwenza kanjani ukuthi lube ngcono. Uhlelo lonke lwepulazi kufanele lube luhle.

Kudingeka sicabangisise ngempela sisabalale. Thina njengabali kudingeka sikhqize kakhu kokuncane uma sifuna ukuphila. Indlela eyodwa eqinisekile yokwenza ngcono amasimu ethu esinawo ukuthatha amasampula enhlabathi njalo, sifake umcako pecelezi /ime lapho kunesidingo futhi silungise isimuncwana nokunye okuntulekayo. Enye indlela ukusebenzisa ukushintshisana kwezilimo njengoba lokho kukhombisile ukuthi kungcono kune-monoculture kuphrogremu yemvelo noma inothili. Kuyiqiniso elivamile ukuthi ummbila emva kukabhontshisi isoya uzoholela ekukhuleni kwesivuno sibe u-1 thani ihektha. ■



# KHANDA UHLELO LOKUMAKETHA

## Iwepulazi lakho

**U**KUMAKETHA KUBANDAKANYA OKUNGAPHEZULU KOKUDAYISA NJE. FUTHI KUBANDAKANYA IZI-NHILOSO ZEZEMALI, UKUNQUMA NGOBUNGOZI, UKWENZA UPHENYO NGAMANANI AHLUKENE ENTENGO NANGAMASU OKUDILIVA NANGAMATHUBA OKUMAKETHA.

Le athikhili ilandela lena esihloko esithi, uhlelo lomkhiqizi lokumaketha phecelezi *A producer's marketing plan*, eyashicilelwa Ngomeyi 2022, egxile ezimisweni eziyisisekelo zohlelo lokumaketha. Inhoso yale-athikhili ukusiza umlimi ekukhandeni uhlelo lokumaketha.

### INHOSO YOHELO LOKUMAKETHA

Isisekelo senhoso yohlelo lokumaketha ukuba umlimi avale izindleko zokukhiqiza futhi bafumane imbuyiselo athagethiwe ngalokho akutshalile. Isinyathelo sokuqala ukuthi anquma ngezimpahla zokusebenza ezifanele ibhizinisi labo. Umliimi kudingeka akhethe izikhali zokusebenza namasu azobasebenzela ngokufanele, ngokwezhinluso zabo zezezimali nezidingo *ze-cash flow*. Isinyathelo esilandelayo ukunquma ukuthi mangaki amathanzi okufanele idayiswe ngesikhathi ihomodithi ihweba ngethagethi yezinga lenani. Ngasosonke isikhathi umliimi ulindele inani eliphezulu lentengo, kukhona futhi ithuba lamanani aphansi atholakele.

Isinyathelo esibalulekile ukuhlale oyihlola njalo iplane lemakethi njenoshintsho oluyisisekelo. Ngenxa yoshintsho olusheshayo ezimeni zezimakethi, uma abalimi bengaziguquli izinhlelo zemakethi yabo ngokufanele lokhu kungagcina ngokuthi ube sesimeni esinethemba elikhulu noma uphokpheli lokhu kungaholela ezinqumeni ezingalungile, ezinomuzwa zokumaketha. Amanye ama-fektha amakhulu anomthelela emananini entengo yisimo sezulu, okungaholela ezinguqukweni eziningana esilimeni esilindelwe umliimi noma uma isimo sabo sezimali siguquka masinyane.

Ingxene enzima mayelana nohlelo lokumaketha ukunamathela kulo ngesikhathi amanani entengo asezingeni elithagethiwe. Ngapha ndle kokuzithiba wena, abalimi bangagaxela emananini entengo aphezulu esikhathini esiphambili futhi begcine sebeyidayisa impahlia yabo ngisho

Lo umbhalo wokugcina ka-Ikageng Maluleke osethuthele KwaZulu-Natal lapho esesebenza khona njengemenenja kwa-SA *Cane Growers Association*. U-Christiaan Vercueil, oyi-intern economist kwaGrain SA, uzongena ezicathulweni zika-Ikageng ethimbeni lePula Imvula.

- UMHLELI



nangaphansi kwentengo ehlewe ngokulinganisiwe uma izinto zingahambanga njengoba kulindelekile.

Zama ukugwema lokhu okulandelayo:

- **Ukuba nokuzithemba okukhulu ngesilinganiso samanani enziwe esikhathini esiphambili.** Isilinganiso sangaphambili akufanele sithathwe njengeqiniso, kodwa okungenani njengesibikezelo/ukuqagula okwenziwe ngolvazi olutholakala ngaleso sikhathi. Njengoba izinguquko ezithathwa ngokuthi yizibikezelo zoshintsho, izibikezelo zangaphambili kwamanani azoshintsha.
- **Ukuzama ukudayisa izilimo ngamanani aphakeme kakhulu.** Abalimi baphunyukwe amathuba, ngokuzama ukudayisa ngamanani aphezulu. Inhoso engcono ukuzama nokudayisa okusanhlamvu kwabo ngezinga eliphezulu lesithathu lebhendi yentengo yesizini.
- **Ngokukhiphela ngaphandle izindleko ezingahlosiwe uma kabalwa i-net farm gate price.** Abalimi kudingeka bazi ngazo zonke izindleko ezesuswa kumasu aqokiwe. Kudingeka ukuthi nabo basibale isamba sezindleko zokuthwala uma benquma ukubeka isilimo sabo.
- **Ukwenza zonke izinqumo zokumaketha noma ungenzi lutho.** Ukuithemba ngokweqile kungaholela ekutheni kungenzeki ukuba isilimo ebelsingelekile sidayiseke. Abalimi kudingeka bazandise izinqumo zokumaketha ngesizini yonke yokukhiqiza ngokuthatha amazinga amanani entengo ethagethiwe kanye nezisekelo zamafektha.
- **Ukwenganywa umunyu omkhulu.** Abalimi kufanele bahlale besethembeni, kungakhathalekile ukuthi amanani entengo athatha liphi igxathu.
- **Ukuvumela uhlobo lobuwena ukuba lube nomthelela ezinquameni zakho.** Abalimi ababheka impilo ngethemba, bavamise ukuba nethemba elikhulu ekutheni amanani entengo azokwenyuka, kanti labo abangenathemba, bona becabanga ukuthi amanani azokwehla. Abalimi kufanele bacabange ngohlobo Iwesimilo sabo futhi bezame nokuba lokho bakuhlanganise uma bethatha izinqumo.
- **Ukuxhumana.** Kubalulekile ukuba abalimi bazise ababamakethelayo nemindeniy mayelana nezinhlelo zabo zokumaketha, ukuze bagweme ingxabano nomdonsiswano. Ukuxhumana nakho kungasiza ukwenza abakimi bazibophezele uma sekufinyelelwemazingeni entengo athagethiwe, okungavimbela izinqumo zabo zokumaketha ekutheni baguqukele ezinqumeni ezinomuzwa.

Abalimi kufanele bakuqonde ukuthi impumelelo ilinganiswa nenzuzzo ye-hektha ngalinye kodwa hhayi inani lentengo lethani ngalinye. ■

U-IKAGENG MALULEKE,  
USOMNOTHO WEZO-LIMO KWA-GRAIN SA



# Ikhongolose yeGrain SA ka-2022

## Isibophezelo soguquko

**B**EKYISIKHATHI ESINGAPHEZULU KWEMINYAKA EMIIBILI SELOKHU KWAQALA UMVALELA NDLINI PHECELEZI I-LOCKDOWN. KELE SIKHATHI ABAKHI-QIZI BEBENGASAKWAZI UKUXHUMANA NEZINYE IZIFUNDA. IZINDABA ZOKUTHI IKHONGOLOSE YE-GRAIN SA KA-2022 IZOKWETHANYELWA BUKHOMA E-NAMPO PARK NGOMHLA KA-2 NO-3 MASHI, NGAKHO KE ZAHLANGABEZA NGENKULU INJABULO.

Amalungu, izikhulu zikahulumeni ababambe iqhaza, izifundiswa, ophathina ama-stakeholders babeqhamuke kuda naseduze beza e-NAMPO Park uduze kwaseBothaville bezoxoxa 'Ngesibophezelo soguquko' phecelezi '*Responsibility in change*', okuyingqikithi yeNkomfa yalo nyaka. Inhlango yayasakazwa bukhoma ku-*YouTube* yaphinde yatholakala kulabo ababeyifuna.

Abakhqizi be-New era babehambele izifunda zabo (izifunda 28 kuya ku-33). Abawuvali umlomo ngokuthi bezomela izifunda zabo. Baluthola lolu lwazi lunesifundo, futhi lwaba yingqubekela phambili kakhulu njengoba bahlanganyela kakhulu enqubeni. Kulaba balimi okugqamile kwaba kukwazi ukuxhumana nezinye izifundazwe futhi ushintshisane ngolwazi nemibono.

Enye yezinholo ezibalulekile zeGrain SA kwagxilwa ephuzwini le-nqubekela phambili yabakhqizi nezingxoxo nokukhathazeka okuhlezi kubuyela enkingeni eyodwa, okubizwa ngama-input, okuchaza imbangela nephinde inqume imbangela ye-ajenda yeNkomfa. Le phrogrammu yayihlanganise amaphaneli amabili ezigxoxo ukunikeza abakhqizi amathuba amanangi okuxoxa nokuxoxisana.

- Ingxoxo yokuqala yephaneli igxile ekukhuphukeni kwezindleko zama-input nesidingo sokuqamba kabusha nobuxhakaxhaka obusha bokuncitisa namanye amazwe. Beyiholwa ngu-CEO, u-Dr Pieter Taljaard.
- Ingxoxo yephaneli yesibili, beyenziwa ngu-Corné Louw: I-Applied Economics and Membership Services Lead kwa-Grain SA, kugxilwe ophenyweni, ukwenziwa nokukhandwa kukamanyolo.

Abalimi bakujabulela ukuba yingxene yezinqubo kanye nokuba yengxena yokwenziwa kwezinqumo. Baziwela ukuthi ingqikithi iyahambisana nenkinga yabo ababhекene nayo yokwenyuka kwezindleko zama-input. Ukulalela izikhulumi ezalhukene nephaneli kwabasiza ukuba baqondisise ukuthi ababodwa kule nkinga nokuthi ababambe iqhaza ezimbonini ezalhukene basebenza ngezinhele zokulekelela basize ekunciphiseni ezinye zezinkinga. Ukubona ukuthi i-Grain SA isenkundleni yale zingxoxo ezalhukene, lokho nje kugcizelele ithemba elisha enhlanganweni.

### UKWEHLUKANISWA KWAMASESHINI

Bonke abakhqizi bethamela amaseshini ahlukene, lapho kwaxoxw khona ngezindaba ezinhlobonhlobo ezimayelana nezilimo ezalhukene – ummbila, amasiriyeli asebusika ubhekilanga/amabele, kanye nobhontshisi isoya namantongomane. Nakhu ke okwagqama kula maseshini:

#### Ummiba

- Kwethulwa umbiko ngezindaba ezikumaminithini adlule kwaxazululwa.
- Izibalo ezimayelana nenzuso yokukhqiqa ummbila ngaphansi kwezimo zanamuha kufanele kuhkulunye ngazo ngokusobala kubakhqizi nakuhulumeni.
- Ukuhenya ngembewu nekhwalithi kanye nokugredwa kukasayizi wezinhlamvu.



Ababebambe iqhaza kuphaneli 1 u-Dr Pieter Taljaard, i-CEO kwa-Grain SA; u-Tony Esmeraldo kwa-Agriscience; u-Frank Rothweiler kwa-Bayer; uJoseph du Plessis, ilungu lesigungu sesiFunda 2 no-Dipepeneneng Serage umqondisi omkhulu womNyango wezoLimo, uMhlaba noKuthuthukiswa kwezindawo eziseMakhaya i-(DALRRD).



U-Corne Louw, nephanela ehlanganise uJohannes Louw kwaSasol; uNcumisa Mxhalisa womNyango wezoHwebo, iziMboni nokuNcintisana; uKgampi Bapela wokuThuthukiswa kweziMboni nokuBambisana eNingizimu Afrika; u-Louis Strydom kwa-Omnia Fertiliser, no-André Kirsten ilungu lesigungu kwaGrain SA.



Amalungu esigungu uRamodisa Monaisa noJeremiah Mathebula noMussa Thomas Sibiya weSifunda 29 owaqokwa njengesikhulumi esiqavile ezethamelini.

## Ikhongolose yeGrain SA ka-2022...

### Ubhontshisi isoya

- Kwenziwa izincomo zokuthi izindlela zanamuhla zokufuya nentela yobuchwepeshe iqhubekile iminyaka emibili ezayo. Ukusebenzisa umthetho ka- 1,2% wentengo kabhontshisi isoya isekiwe.
- U-Chris Sturgess wase-JSE wethula umbiko nge-*technical committee* entsha emisiwe ezocwaninga i-model ehlongoziwe ye-*location differential*.
- Izimakethe zokuthumela ubhontshisi isoya kwamanye amazwe zinamandla kakhulu kunommbila. Ngenxa yokuthi kutshalwe amahektha amasingi ngaphezulu kukabhbontshisi isoya ayinani elilingana nelommbila, kukhona amathuba okuthi ingqalasizinda ingakwazi ukumumathu uku-thumela emazweni angaphandle kangcono nokuthi futhi ingakwazi, ngakolunye uhlangothi, kuzosusa ingcindezi yomkhiqizo wommbila osele.

### Ubhekilanga namabele

- Ukukhathazeka okuhulu nge-*Sclerotinia* iyaqhubeka embonini kabhekilanga, ikakhulukazi kulo nyaka onemvula eningi. Amalungu exwayiswa ngokuthi aqaphela futhi azihlomise.
- Kuyakhula ukutshalwa kukabhekilanga futhi kubukeka kwangathi isikhathi sokuqhakaza siphambili.
- Kukhona isasasa elikhulu ngamabele. Isifundo se-value chain siphothuliwe futhi kubukeka sengathi maningi amandla namathuba.
- Izimakethe zokudayisa emazweni angaphandle ziyacutshungulwa futhi nemizamo iyenziwa ukuze kubhalansiswe ngokuthenga emazweni angaphandle namanani okudayisa emazweni angaphandle.

### Amantongomane

- Ukumiswa kwamanani okuthenga ibhotela lamantongomane phecelezi i-peanut butter emazweni angaphandle: Isicelo sifakiwe futhi kufanele sisayinwe nguNgqongqoshe.
- Abakhiqizi baqale ukutshala ubhontshisi isoya ngenxa yokuthi buncane ubungozi bawo futhi kulula ukuxhasa ngemali ukuholela ekutheni kunciphe ukukhiqizwa kwamantongomane. Uma amantongomane enganele, sinigi isidingo sokuba athengwe kubakhicizi bangaphandle nabakuleli bakhokhelwe kancane.
- Isibonakalo esihle yinkampani ezimele ephumele obala ngama-cultivar amasha.



UMaseli Letuka, ilungu elisha eliqokelwe isiFunda 31.

U-Jerry Mthombothi, oyimeneja yentuthuko yesifunda ehhovisi lase-Mbombele, uthwalele ababethamele umhlangano abavela esifundeni sakhe izikhwama zezipho.



U-Dr Sandile Ngcamphalala, umholi woku Thuthukiswa kwabaLimi, nababili abamele ophathina beProgrammu yokuThuthukiswa kwabaLimi – uCalvin Mojapelo wakwa-Standard Bank, noThapelo Maboko wakwa-BASF.

### Amasiriyeli aseBusika

- Ukukhathazeka ngokwenyuka kwamanani entengo yesinkwa kubekwe ezithebeni.
- I-Grain SA ibeke izimali zokuhlomulisa amaphrogremu futhi iqhubekile noxhaso lwemali etholakele kuhulumeni.
- Amalungu ayacelwa ukuba azibandakanye kusaveyi yamanani entengo yama-input kwaGrain SA.
- Ezinye izilimo ezingakhethwa ezifana namaluphini namuhla sezithola ukunakwa kodwa umsebenzi wokwandiswa kwamathuba usadinga ukwensiwa.

**HELPING YOU GROW  
YOUR CROPS AND  
FARMING BUSINESS**



**PANNAR®**  
Together we farm  
for your future™

**CORTEVA**  
agriculture

® Trademarks of Corteva Agriscience and its affiliated companies.  
© 2022 Corteva. 2022/CORP/E/008DEV

# PULA IMVULA



*Osukwini lokuqala IweNkomfa kwaba khona izivakashi eziyi-469 ezaziyethamele.*



*U-Paulus Mosia, we-Grain SA/Bayer Potential Commercial Producer woNyaka ka-2018, no-Israel Motlhabane, owayeyilungu lesigungu sesiFunda 31, uthatha inkomfa njengenye yezinto eziggamile ekhalendeni lezolimo.*



*Emuva kwenqubo yosuku lokuqala, amanxusa akhululeka futhi ajabulela ukuba phakathi kwaye kanye nezibiloboco zokudla.*

## UBUHOLI

Kwaqokwa u-Derek Mathews (usihlalo) nosekela sihlalo u-Richard Krige. Basizwa usihlalo wesibili osanda kuqokwa, uJeremiah Mathebula. Abakhiqizi bakholelwu ekutheni abaholi babo ezi-fundeni bazoba usizo ezidingweni zabo kumaplatifomu ahlukena nokuthi futhi bazoba nezwi eliqinile ukuya phambili. Uma abakhiqizi bebuza ukuthi ngabe yini abangathanda ukuyenza kangcono, basho ukuthi bafisa ukuvula imigudu yozokuxhumana engcono phakathi kwabo. ■

**U-IKAGENG MALULEKE,  
USOMNOTho WEZO-LIMO KWA-GRAIN SA**



## GRAIN SA: PRETORIA

PO Box 74087  
Lynnwood Ridge  
0040  
■ 086 004 7246  
■ [www.grainsa.co.za](http://www.grainsa.co.za)

## UMHELEI OPHETHE

*u-Dr Sandile Ngcamphalala*  
■ 082 862 1991 ■ Ihlovisi: 012 943 8296  
■ [sandile@grainsa.co.za](mailto:sandile@grainsa.co.za)

## UMHELEI UKWABA

*Liana Stroebel*  
■ 084 264 1422 ■ Ihlovisi: 012 943 8285  
■ [liana@grainsa.co.za](mailto:liana@grainsa.co.za)

## UPHATHINA WOKUSHICILELA

**INFOWORKS MEDIA PUBLISHING**  
*Isekela mhleli – U Louise Kunz*

■ [louise@infoworks.biz](mailto:louise@infoworks.biz)

*Umholi wethimba – U Johan Smit*

■ 082 553 7806 ■ Ihlovisi: 018 468 2716  
■ [johan@infoworks.biz](mailto:johan@infoworks.biz)

*Ukushicilela – U Elizma Myburgh, Joritha Hechter*



## Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

### ABAQONDISI BENTUTHUKO

*Johan Kriel*  
Free State (Bloemfontein)  
■ 079 497 4294 ■ [johank@grainsa.co.za](mailto:johank@grainsa.co.za)

*Jerry Mthombothi*  
Mpumalanga (Mbombela)  
■ 084 604 0549 ■ [jerry@grainsa.co.za](mailto:jerry@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 943 8289 ■ Smangaliso Zimbili

*Jurie Mentz*  
Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)  
■ 082 354 5749 ■ [jurie@grainsa.co.za](mailto:jurie@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 943 8218

*Graeme Engelbrecht*  
KwaZulu-Natal (Dundee)  
■ 082 650 9315 ■ [graeme@grainsa.co.za](mailto:graeme@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

*Liana Stroebel*  
Western Cape (Paarl)  
■ 084 264 1422 ■ [liana@grainsa.co.za](mailto:liana@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 943 8285 ■ Hailey Ehrenreich

*Du Toit van der Westhuizen*  
North West (Lichtenburg)  
■ 082 877 6749 ■ [dutoit@grainsa.co.za](mailto:dutoit@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 943 8290 ■ Lebo Mogatlanyane

*Luke Collier*  
Eastern Cape (Kokstad & Mthatha)  
■ 083 730 9408 ■ [luke@grainsa.co.za](mailto:luke@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 943 8280 ■ Luthando Diko

Cwayita Mpotsi (Office assistant: Mthatha)  
■ 078 187 2752 ■ [umthata@grainsa.co.za](mailto:umthata@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 943 8277

## IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu, IsiNqisi, IsiTswana, IsiSuthu, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

THIS PUBLICATION IS MADE POSSIBLE  
BY THE CONTRIBUTION OF THE MAIZE TRUST

# Iphrogramu eguqula izimpilo



Farmer  
Development  
Programme

Umbiko

## Umhlangano eguqula izimpilo

**SEKUYISIKHATHI** sonyaka lapho sibika khona ngemisebenzi yePhrogramu yo-kuThuthukisa abaLimi futhi sithokozile ngamathuba esihlangabeszene nawo endleleni. Sibonga konke ukuzibandakanya nomnikelo wabo bonke ababambe iqhaza kulo makhakha.

Le sizini ka-2021/2022 sixhumana ngamandla nalezi zinombolo ezilandelayo zamalungu abalimi emikhakheni ehlukene okungenani kweyodwa yamaplatifomu ethu:

- **Abalimi abangama-86 be-new era commercial**
- **U-215 potential commercial farmers (> 100 ha)**
- **U-318 smallholder farmers (10,5 ha kuya ku-100 ha)**
- **U-11 916 subsistence farmers (0,5 to 10 ha)**



6 277 abalimi besi-fazane abakhuthele

6 879 abalimi be-silisa abakhuthele



Ukusekwa kwabalimi ngamunye kugxile ekwakheni amabhizinisi azoqhube ka isikhathi eside. Sihlose ukunikeza ukuseka omunye ngamunye kwamakhandigethi abaphume ku-study group system ngokwemigomo yohlelo lokukhiquz, ukuphatha, ukwenza ama-aplikheshini ezezimali nokubika. Ukwesekwa komuntu ngamunye kufanele bahlome kangcono abalimi ukuphatha njengama-commercial farmers kanye nezeluleko ezihanjiswa ngocingo eisuka kubaluleki babo.

Isamba sika-**208 advanced farmers** okwamanje bayasekwa futhi sebethole ukuvakashela **emapulazini abo izikhathi ezingu-853** bezothola ukwelulekwa **ngamunye**. Ngokuhamba kwasikhathi laba bantu bazikhombisile ezigabenzi eziningi okubalwa kuzo ukuzinikela, ukuncintisanamandla. Kuyakholakala ukuthi ngokwesekwa abakutholayo ngamunye bangalikhulusa kakhulu ibhizinisi labo lokulima.



I-New Era farmer uNtonga Thobani wase-Cedarville Farm eduze kwase-Mount Ayliff eMpumalanga neKapa inesilimo esikhulu sommbila emhlabeni.



Enye i-new era farmer Thabang Tsephe ulima e-Ongeluksek eduze kwaseMataatile eMpumalanga neKapa. Uyilungu le-500 ton Club futhi usekwa yimenenja yezentuthuko esifundeni, uLuke Collier, ehhovisi eKokstad.

U-Patrick Stuurman, wasemapulazini e-new era farmer kuMasipala i-Alfred Nzo eMpumalanga ne-Kapa, naye uthole ukwesekwa ehhovisi laseKokstad. U-Patrick uyilungu lesigungu sesiFunda 33.

## Ukufunda kuguqula izimpilo

**I-STUDY** Group ye-Grain SA's *Farmer Development Programme* isebenza njenge platformu edlulisela ulwazi okubandakanya ithiyori nokuphathekayo. Kuphinde kuniikeze indawo lapho khona abaphathi bentuthuko yezfunda bengasiza khona ekukhuliseni amasistimu okulima, nokuguqula izimpilo.

Nazi izibalo ezimayelana nama-study group:

- Phakathi komhla ka-1 Okthoba 2021 nomhla ka 28 Febhuwari 2022 kwathanyelwa isamba esingama-**616 semihlangano ye-study group**.
- Okwamanje u-**175 study groups** eseviswa ochwepheshe nabaqeveshi bezolimo.
- Izinsiza zokwesekwa kwezolimo kuniikezwabali abalimi abangamalungu akhuthele kula maqembu futhi kuqoshwe **izethameli** eziyi-**6 221**.



Umhlangano owabanjwa ne-Zaaiplaas study group eLimpopo. La balimi baphikelela ku-Jerry Mthombothi, imenena yezentuthuko yesifunda esehhovisi eMbombela, ukuze bayothola umhlangano.



Amalungu e-Study group ngokuvamile bathamela esinye sezifundo zamakhono aphaphekyo ethulwa yi-Grain SA abaqeqeshi abafana ne-planter kanye nesifundo se-boom sprayer calibration course. ■